# Hillcrest High School

**IsiZulu 1st Additional Language**
**Ukuhlolwa kukaJuni 2014**
**Ibanga lesishiyagalolunye (Grade 9)**
**(MOTHER TONGUE)**

**Isikhathi: 2** amahora

**Umklomelo: 100**

**Qaphela:** Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.
Musa ukuxova imibuzo.
Phendula ngesiZulu esivumelekile.
Bhala ngobunono usebenzise ubhalomagama olusemthethweni.
Bhala ngobunono.

**KUNGAWE MFUNDI !!!**

1. **Funda indaba elandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo NGEMISHO EPHELELE.**

# Kugujwa engama-50 yenkulumo kaTata

April 22 2014 at 11:22am
By INTATHELI YESOLEZWE

Comment on this story



LESI sithombe esathathwa ngu-Jurgen Schadeberg ngo-Okthoba 13, 1958, sikhombisa uMnuz Nelson Mandela noMnuz Moses Kotane (kwesokunxele) bephuma enkantolo. Isithombe: Themba Hadebe

**INTATHELI YESOLEZWE**

EMINYAKENI engama-50 edlule uMnuz Nelson Mandela watshela iNkantolo eNkulu yasePitoli ukuthi wayesezilungiselele ukufela iphupho leNingizimu Afrika engenakho ukucwasa ngokwebala.

NgeSonto leli esiphuma kulo bekuphela iminyaka engama-50 uMandela ayethula le nkulumo esengundabuzekwayo nanamuhla ayisho kwiRivonia Trial. Njengoba iNingizimu Afrika igubha iminyaka engama-20 yenkululeko, labo ababekhona kuhlanganiswa inkulumo kaMandela babheka emuva bekhumbula ukuthi yaba namthelela muni ebantwini bakuleli nasemhlabeni jikelele.

Kwakungu-Ephreli 20, 1964 ngesikhathi ummeli wabasolwa uBram Fischer amangaza inkantolo eyitshela ukuthi uMandela, owayengowokuqala kubasolwa abayi-11, uzofundela inkantolo le nkulumo emi lapho okuhlala khona abasolwa kunokuthi aphonswe imibuzo emi ebhokisini lofakazi la ayezobhekana khona nemibuzo.

Enkulumweni eyacishe yathatha amahora amathathu, uMandela watshela inkantolo ngokwaphoqa i-ANC ukuthi iguquke emgomeni wayo wokulwa okungenadlame yaze yaqala ukulwa, ingaqonde kubulala muntu kodwa ilwa nokucindezelwa kwabantu abamnyama.

Kule nkulumo yakhe uMandela wacaphuma amagama asankeneneza namanje ezindlebeni zabaningi: "Ngihlale ngilangazelela intando yabantu nokukhululeka kwethu sonke la khona siyokwazi ukuhlala ndawonye ngokuzwana futhi sonke sibe namathuba afanayo nalinganayo. Yiphupho leli enginesifiso sokuthi ngiliphilele, futhi ngilibone lifezeka. Kodwa-ke Nkosi yeNkantolo, uma kufanele, leli yiphupho engizilungiselele ukuthi ngilifele."

URon Anderson, owayecoshela iphephandaba i-The Star leli cala, wathola ikhophi yale nkulumo ngaphambi kokuba yethulwe.

Imibuzo

2.1 Yini ongaziwinela yona ekhangiswa kulesi sikhangisi? (1)
2.2 Yiliphi ibhange elixhase lo mkhankaso wamakhadi okugibela ibhasi? (1)
2.3 Azophela nini amakhuphoni akhangiswe lapha? (1)
2.4 Ungawasebenzisa kuliphi idolobha lawa makhupho phakathi kwalawa, iTheku, iGoli, iseKapa? (1)
2.5 Yini edale wakhetha le mpendulo oyibhale embuzweni wesi-2.4? (2)
2.6 Usubizwa ngaliphi igama umgwaqo uPine Street? (1)
2.7 Kubiza malini ukuthumela umqhafazo (sms) kule nombolo ethi 44524. (1)
2.8 Humushela lawa magama esiZulwini, 'Move to Muvo." (1)
2.9 Ukuvezwa kowesifazane omuhle nogqoke kahle kulesi sikhangisi kusichazelani ngamabhasi? (2)

**[11]**

## ISIQEPHU B

**2. Khipha amabizo alezi zigaba ezilandelayo endabeni oyifunde embuzweni 1, bese wakha imisho engahambelani nendaba. Dwebela ibizo lakho.**

2.1 4
2.2 9
2.3 5

**(6)**

**3. Qedela le misho elandelayo ngezivumelwano zenhloko ezifanele. Bhala umusho wonke udwebele isivumelwano.**

3.1 Thina __thole inkuleko eminyakeni eyishumi edlule.
3.2 Amabhasi eMuvo __phathana kahle.
3.3 Ikhadi lebhasi __tholakala kalula.

**(3)**

**4. Nciphisa lawa magama abhalwe ngokunzima. Bhala impendulo kuphela.**

Abantu bebelokhu beziqhenya **ngalamavoti** abo bethi asingavoteli **iqembu** lethu ngoba lizokwehlulwa. Manje sebekhala nge-IEC sebethi kube **nomkhonyovu** kulolu **khetho** lalo nyaka. Unjalo umuntu uma esehluliwe.

**(3)**

5. **Buka isithombe esilandelayo bese wakha imisho ezoveza izabizwana ozibuziwe. SIDWEBELE isabizwana sakho.**



5.1 Isabizwana soqobo
5.2 Isabizwan sokukhomba buqama
5.3 Isabizwana sokubala usebenzisa isiqu u-nke
5.4 Isabizwana sokubala usebenzisa u-bili

(4)

6. **Buka lesi sithombe esilandelayo bese uzakhela imisho echazayo lapho usebenzise khona isiphawulo osakhe ngeziqu zesiphawulo ozinikiwe. DWEBELA isiphawulo osisebenzisile.**



6.1 –hle
6.2 -khulu
6.3 –sha
6.4 -thathu

**(4)**

**7. Qondanisa loko okuku– A kanye naloko okuku- B:**

Isibonelo: 7.1> ix

| A | B |
|---|---|
| 7.1 uthatha ngozwane | i) ukukhohlisa |
| 7.2 ukudla phansi | ii) uyantshontsha. |
| 7.3 ukubamba udonga | iii) ukulalela okushiwo kuqala. |
| 7.4 ukubamba elentulo | iv) ukubaleka |
| | |

**(4)**

**8. Gagula abantwana balezi zilwane. Bhala impendulo kuphela.**

8.1 Umntwana wemfene.................
8.2 Umntwana wenyoni...................
8.3 Umntwana wenja....................

**(3)**

**9. Ake usebenzise lawa magama alandelayo emishweni emibili ukukhombisa ukuthi anezincazelo ezimbili ezingefani. DWEBELA igama olisebenzisile umusho ngamunye.**

9.1 Ithanga (2)
9.2 Umkhumbi (2)
9.3 Abathakathi (2)
**(6)**

**10. Ake ubhale igama elilodwa elichaza lokhu okulandelayo.**
10.1 Umuntu ongezwa ezindlebeni........ (1)
10.2 Ingane yokuqala kubazali bayo ...... (1)
10.3 Umuntu ongalaleli uma etshelwa enze intando yakhe........ (1)
**(3)**

**11. Abantu bakuziphi izibongo esibathakazela kanje?**
11.1 Njomane (1)
11.2 Khabazela (1)
11.3 Msholozi (1)
**(3)**

ISAMBA: 70

## ISIQEPHU C

Umakhelwane — S. J. Nkosi A. M. Maphumulo M. C. Seme

**12. Khetha abalingiswa ABABILI ubachaze ukuthi bangabantu abanjani nokuthi basisifundisani ngempilo. Bhala amaphuzu ayi-8**

| | | |
|---|---|---|
| 12.1.1 uMdletshe | Isijeziso | (7) |
| 12.1.2 uMdunge | Impunga yehlathi | (7) |
| 12.1.3 uMhlupheki | Isithombe | (7) |

**13. Funda lesi siqephu esilandelabese uphendula imibuzo esilandelayo ngemisho ephelele**

> Kwabanda amathumbu kuMdletshe. Uzomememza athini. Ngoba uma ememeza umuntu wokuqala nje ozomuzwa nguJele isitha sakhe. Ngcono ukubane uyakwazi ukujikisa izwi lakhe. Abuye aqalaze. Inkulu ingozi alengela kuyo lapha. Ngale kokuthathwa yizikhukhula enye ingozi abhekene nayo eyezinyoka. Imamba emnyama imthole lapha emveni kokuciphizwa yizigodo lezi eziza nomfula! Lumeqe futhi uvalo.

13.1 Sithini isihloko sale ndaba lapho kuthathwe khona lesi siqephu? (1)

13.2 Wayevela phi uMdletshe njengoba esesenkingeni lapha nje? (1)

13.3 UMdletshe noJele babebangeni njengoba esembiza ngesitha sakhe? Chaza ngemigqa emithathu. (3)

13.4 Wagcina esizwe ubani uMdletshe njengoba wayesenkingeni? (1)

13.5 Yisiphi isifundo osifunde kule ndatshana yoMdletshe noJele? Chaza ngemigqa emithathu. (2)

**[8]**

**14. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese ugcwalisa imisho elandelayo ngegama elifanele. Bhala impendulo kuphela.**

> Usewenzile umsebenzi obalulekile uMaJali. Acabange. UMdunge kumele afice umuzi wakhe uhlanzekile. Wangena-ke ezindlini manje. Waqala ngokushanela wase esinda. Emveni kwalokho washanela ibala. Nokho ukwenza konke lokhu nje abantu balapha eMakhowa sebeyazi ukuthi kuzobe kubuswa lapha kwaMdunge ngoMgqibelo.

14.1 UMaJali lo osewenzile umsebenzi wakhe ugane u____. (1)
14.2 Igama likamfowabo ka Mdunge u______. (1)
14.3 UMdunge wayezoboleka ivolovolo ku_______. (1)
14.4 UMuzi ka Mdunge usendaweni yase_____ (1)
14.5 Umakhelwane u ______ owayethakatha umuzi kaMdunge (1)

**(5)**

## 15. Phendula le mibuzo ngukuthi uthi IQINISO noma IPHUTHA

15.1 Igama le ntombi kaMhlupheki uThandiwe.
15.2 UMhlupheki wazitholela umakoti engosini yephepha ethi, "Umaqondana."
15.3 UMhlupheki uhlala esigodini saseMphonsanyoni.
15.4 Isibongo sikaMhlupheki uDunga.

**ISAMBA SESISONKE: 100**